

## Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

03/2016 Intshumayelo ngesonto 3 esikhathini seAdvente, ngomhla ka 13. 12. 2015

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Isaya 40:3.10, lithi: **“Lungisani indlela kaJehova! Bhekani, iNkosi uJehova iyeza ngamandla.”**

1. Iculo 36/39

2. **Umkhuleko:** Nkosi Jesu Kristu, siyabonga, ngokuba uphendulile umbuzo kaJohane uMbhapathizi wokuthi “Wena unguye ozayo, noma sobheka omunye na?” ngokuzambulela ukuthi unguMgcwalisi wezithembiso zikuIsaya 35, nokuthi uyathanda ukuba abantu bonke bakholwe ngokwempela ukuthi “kubusisiwe ongayikukhubeka ngawe,” kodwa akholwe ukuthi uze emhlabeni ukulungisela bonke abantu intethelelo yezono, nokusindiswa kwabo bonke abakholwa nguwe. Futhi siyabonga ngokuba uthumile abaphostoli, ababhishobhi, abafundisi nabashumayeli bonke ukuba babeyizikhonzi zakho nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu. Ngakho-ke siyacela ukuba amakholwa akho onke, kakhulu izikhonzi zezwi lakho zithembeke ekukholweni nasemisebenzini yabo. Siyacela lokho ngenxa yokuzalwa, nokufa, nokuvuka kwakho. Amen.

3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 40:1-11;

Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe kwabaseRoma 15:4-13;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe ku-Math. 11:2-10;

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 25/38

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

7. **Iphistola** ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku 1 kwabaseKorinte 4:1-5, lithi: "Umuntu makasazi ukuthi siyizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu. Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile. Kepha kimina kuyinto encane impela ukuba ngahlulelwe yinina noma ngokwahlulela kwabantu; yebo, nami angizahluleli. Ngokuba angizinyezi ngalutho ngokwami, nokho angithethiwe kahle ngalokho; kepha ongahlulelayo yiNkosi. Ngakho-ke ningahluleli-lutho singakafiki isikhathi, ingakafiki iNkosi eyakukuveza ekukhanyeni okufihlekileyo kobumnyama, izeze obala izizindlo zezinhliziyi; lapho-ke yilowo nalowo uyakuthola ukubongwa kuNkulunkulu." Amen.

8. **Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, ngevangeli lesonto 3 esikhathini seAdvente siyezwa ukuthi uJohane uMbhapathizi owayethunyelwa ukulungisela iNkosi indlela ngokubizela abantu ekuphendukeni wayelahlelwa etilongweni, yena ngokuhlakanipha kwesithunywa sikaNkulunkulu wayengazami ngokwakhe ukuphendula umbuzo oqondiswe kuKristu othi: “Wena, unguye ozayo, noma sobheka omunye na?” UJohane wathuma abafundi bakhe ukuba baye kuJesu, bambuze kuye uqobo. Bezwa eNkosini uqobo ukuthi “ubusisiwe ongayikukhubeka ngami.” Kusho ukuthi bezwa kuJesu ukuthi unguMgcwalisi wezithembiso

okulotshiwe ngazo kuIsaya 35 nokuthi unguMsizi wababuthakathaka noMshumayeli wenkululeko ofikile ukuba nguMhlengi weziboshwa bonke abayiziboshwa zesono, zokufa, nezikaSathane.

Ngezwi lentshumayelo yanamuhla eliyiphistola lesonto lanamuhla siyezwa ukuthi liyafundisa ukuthi 1. uJesu Kristu uyiNkosi, uMahluleli noMmeli wethu; 2. abaphostoli nabalandeli babo emsebenzini bayizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu.

1. Ngakho okokuqala esikufundiswayo ngezwi lentshumayelo yanamuhla siyezwa **ukuthi uJesu Kristu uyiNkosi, uMahluleli noMmeli wethu**, ngokuba izwi lithi: Baaphostoli bakhe bayizikhonzi zakhe. Uma beyizikhonzi zakhe, uKristu **uyiNkosi yabo**. Yikho esikuvumayo ngamazwi esichasiselo sohlamvu lwesibili lenkolo yethu, sithi: UJesu Kristu, unguNkulunkulu uqobo ezelwe nguYise kwaphakade, nomuntu futhi uqobo, ezelwe nguMariya intombi, **uyiNkosi yethu**. Futhi **unguMahluleli wethu** njengalokhu sivuma sithi: Uzobuya ezokwahlulela abasahambayo nabafuleyo. Nguye futhi oyakwahlulela izikhonzi zezwi likaNkulunkulu, njengalokhu simuzwa uPawulu ezibizela kukho ukwahlulelwa nguJesu Kristu, njengalokhu kulotshiwe ukuthi: “Kepha kimina kuyinto encane impela ukuba ngahlulelwe yinina noma ngokwahlulela kwabantu; yebo, nami angizahluleli. Ngokuba angizinyezi ngalutho ngokwami, nokho angithethiwe kahle ngalokho; kepha **ongahlulelayo yiNkosi**. Ngakho-ke ningahluleli-lutho singakafiki isikhathi, ingakafiki iNkosi eyakukuveza ekukhanyeni okufihlekileyo kobumnyama, izeze obala izizindlo zezinhliziyi.” Ngalawomazwi kuyezwakala kahle ukuthi ukwahlulela kukhishiwe esandleni somphostoli nasezandleni zabantu bonke. Kuyadingeka ukuba sizihlolisise ngokubuza ukuthi siyacabanga sithini ngakho okwethu, noma abantu bathini ngathi, bakhulumani ngathi noma ngokuziphatha noma ngokusebenza kwethu. Khona kuyinduduzo enkulu, kakhulu nokuzwa ukuthi uMahluleli wethu unguMmeli, noma uMkhulumeli wethu futhi njengalokhu kuthiwa ezwini lentshumayelo yanamuhla: “lapho-ke yilowo nalowo uyakuthola ukubongwa kuNkulunkulu,” noma kuloyamfanekiso wamatalenta. Lapho iNkosi yabonga lababili ababesebenzisa amatalenta abo kahle, washo kubo ababili, kuye owathola ayisihlanu, nakuye owathola amabili, wathi kulowo nalowo: “Kuhle, nceku enhle nethembekileyo, ... ngena ekuthokozeni kwenkosi yakho!” Noma sikhumbula okulotshiwe ngezisebenzi zesivini seNkosi. “Mnini wesivini wathi enduneni yakhe: ‘Biza izisebenzi, uzikhokhele imali yazo, uqale ngezokugcina ugcine ngezokuqala!’” Bonke bamukele ngokufana ababesebenza ihora elilodwa kuphela nababesebenza usuku lonke. Lomlando uyasifundisa ukuthi sonke esikholwa nguKristu sizothethwa kahle ngokubalelwa ukulunga kukaKristu ngokukholwa nguye kuphela ngaphandle kwakhe esikwenzile noma ekuphileni kwezinsuku zonke, noma emsebenzini wokuba yizikhonzi zezwi likaNkulunkulu. Kusho ukuthi ngokwesinqumo sikaJesu Kristu sokukhulunyelwa nguye ngomusa wentethelelo yezono zethu egameni lakhe. Akwenzeki ngokuzahlulela, noma ngokwahlulelwa ngabantu. Yikho okokuqala okufundiswa yizwi lentshumayelo yanamuhla.

2. Okwesibili kuthi: **“Abaphostoli nabalandeli babo emsebenzini wabo bayizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu.”** Yikho okwenza ukuba sithokoze eNkosini esamukele ukuba izisebenzi noma izikhonzi zakhe, sikhumbule iseluleko izinceku eziyalwa ngakho kuThithu 3 ukuba “zithobele amakhosi azo, zikholeke ezintweni zonke, zingaphiki-nkani, zingantshontshi, zibonakalise konke okwethemba okuhle, ukuze zihlobise isifundiso sikaNkulunkulu uMsindisi wethu ezintweni zonke.” Okunye yilokhu: Ake sihlose ukwenza umsebenzi wethu ngokukhumbula ukuthi abaprofethi beTestamente elidala betsheliwe ukuthi bamelwe ukwenza umsebenzi wabo kanjani nokuziphatha kanjani, sikhumbule nokuthi abafundi bakaJesu bathunyelweni, nokwenzani ekuthunyweni kwabo. Emisebenzini yonke ake sifunyanwe sikholekile njengokusho kwezwi lentshumayelo yanamuhla elithi: "Umuntu makasazi ukuthi siyizikhonzi zikaKristu nabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu. Futhi-ke kufuneka kubaphathi ukuba umuntu afunyanwe ekholekile.” Namuhla asikwazi ukuphawula konke okuveziwe eBhayibhelini njengalokhu okulotshiwe kulo ukuthi izisebenzi zezwi leNkosi zimelwe ukukwenza nokuziphatha kanjani. Sesizwile ukuthi iNkosi iyathanda ukuba sikholeke emsebenzini wethu. Okukhulu okuphawulwa ezwini lentshumayelo yanamuhla kungokuthi izisebenzi zezwi likaNkulunkulu **zingabaphathi bezimfihlakalo zikaNkulunkulu.** Kukhulunywa ngezimfihlakalo zikaNkulunkulu ezindaweni ezihlukeneyo ukuba kuqondakale okushiwo kuzo. Lawomazwi ayasiluleka ukuba izisebenzi zezwi zizithobe, zibe nokwesaba uNkulunkulu, zenze umsebenzi wazo ngokukhumbula njalo ukuthi banokulanda ngakho abakwenzayo, abaziphatha ngakho, zingakhulumi nje ngezimfihlakalo zikaNkulunkulu, ngokuncela isithupha sazo kuphela. Njengalokhu sihlulekile ukukholwa nguJesu Kristu, noma ukuza kuye ngamandla ethu noma ngengqondo yethu, kodwa kunguMoya oNgcwele osibizayo ngevangeliki likaJesu Kristu, osikhanyisa ngezipho zakhe, nokusingcwelisa, nokusilondoloza ekukholweni okuqinisileyo, okusindisayo ngokusithethelela izono zethu ngokukholwa nguKristu; kanjalo sihlulekile ngamandla ethu noma ngengqondo yethu ukwazi izimfihlakalo zikaNkulunkulu, noma ukukhuluma kahle ngazo. Kanti akekho noyedwa ozazi ngokuhlakanipha kwakhe, noma ngokuhlakanipha kwezwe, sekwambulelwe ezwini likaNkulunkulu. Ngakho lokhu kudingekile ukuba sinakekele kahle ukuba sifunde izwi likaNkulunkulu, singavilaphi, mhla sizilungisa ukushumayela noma ukufundisa ukuba siqonde nathi okushiwo ngezwi esilishumayelayo, noma izifundiso esizifundisayo. Izincwadi zeTestamente elisha nezelidala ziphawula kahle ukuthi uNkulunkulu uyambula izimfihlakalo zakhe kanjani ukuba sikhulume ngokuhlakanipha kukaNkulunkulu okuyimfihlakalo efihlakele, njengalokhu kulotshiwe ukuthi: “Ukuhlakanipha sikukhuluma phakathi kwabapheleleyo, ukuhlakanipha kambe okungesikho okwalesisikathi nokwababusi balesisikhathi, ababhuhayo. Kodwa sikhuluma ukuhlakanipha kukaNkulunkulu emfihlakalweni efihliweyo uNkulunkulu akumisela ngaphambili kube-yinkazimulo yethu, kusukela kwaphakade, okungaziwa namunye wababusi balesisikhathi, ngokuba uma bebewazi, babengayikuyibethela esiphambanweni iNkosi yenkazimulo; kepha

kunjengokuba kulotshiwe ukuthi: ‘Lokho iso elingakubonanga, nendlebe engakuzwanga, okungavelanga enhliziyweni yamuntu, uNkulunkulu akulungisela abamthandayo.’ Ngokuba kithina uNkulunkulu ukwambulile ngoMoya; ngokuba uMoya uhlolisisa konke, yebo nokujulileyo kukaNkulunkulu. Ngokuba ngumuphi kubantu owazi okomuntu, uma kungesiye umoya womuntu okuye na? Ngokunjalo nokukaNkulunkulu akwaziwa-muntu, kuphela nguMoya kaNkulunkulu. Kepha thina asamukelanga umoya wezwe kodwa uMoya ovela kuNkulunkulu, ukuze sikwazi esikuphiwe nguNkulunkulu ngomusa, esikhuluma ngakho futhi, **kungengamazwi afundiswa ngukuhlakanipha kwabantu, kodwa afundiswa nguMoya**, sichaza okomoya ngokomoya. **Umuntu wemvelo kakwamukeli okukaMoya kaNkulunkulu, ngokuba kungubuwula kuye; angekuqonde**, ngokuba kubonisiswa ngokomoya.” Kuqinisele kwakungaziwa yingqondo yomuntu ukuthi owabethelwa esiphambanweni uyiNkosi yenkazimulo, nokuthi ukuzalwa kweNdodana kaNkulunkulu, kweNkosi uJesu Kristu nguMariya intombi, nokuhlushwa kwakhe, nokufa kwakhe, nokuvuka kwakhe sekumisiwe nguNkulunkulu phambi kwezikhathi zezwe ukuba kulungiselwe abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke intethelelo yezono nokuphila okuphakade. Abantu babengakazi konke lokhu, kakhulu ngokwemvelo yabo babemelalana kabi kangaka ukuba ivangeli lishaywe isikhubekiso kubaJuda, nobuwula kuwo amaGreki noma abantu bezizwe ezinye. Abantu bayakukwamukela kuphela ngokukholwa, uma uMoya oNgcwele ehabiza ngevangeli likaJesu owake wabethelwa esiphambanweni, nokukhanyiswa ngeziphso zakhe zentshumayelo yevangeli, ngombhaphathizo, ngesibiko, ngesidlo saNkosi.

Abaphostoli babekhuthalele ukukushumayela nokukufundisa. Nathi esilandela abaphostoli emsebenzini wabo, masidabuke ngokuswela inkuthalo leyo emisebenzini yethu! Nathi esingamakholwa kaKristu sidabuke ngokuswela inkuthalo ekukholweni, sikhuthalele sonke emkhulekweni ukucela ukuba umyalezo wentokozo kaJesu Kristu usakazwe emazweni onke. Amen.

**9. Umkhuleko:** Siyabonga, Baba, ngokuba usithumile iNdodana yakho ukuba sibe nokuphila okuphakade, ngenxa yayo. Sicela uMoya oNgcwele ukuba asilondoloze ekukholweni okuyikho, kuze kube sekupheleni kwethu lapha emhlabeni, nokusifundisa ukwahlulela konke ngokwesilinganiso sezinqumo zakhe, siphathe izimfihlakalo zakho ngokuthembeka okukhulu. Sicela konke lokhu egameni likaJesu Kristu. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 160/4

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyu zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-E. A. W. Weber  
Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation